

## **USARS uqashe osekela Khomishana ngenhloso yokuqinisa ubuholi.**

**Tshwane 2 kuNhlangulana 2023** - UKhomishana wakwaSARS u-Edward Kieswetter, namuhla umemezele ukuqashwa koSekela Khomishana abathathu, ngenhloso yokuqinisa ithimba lakhe leziphathimandla kwaSARS. Lokhu kulandela ukubhekwa okunzulu kweziphathimandla okuholele ekuqashweni koyedwa wangaphakathi nababili emkhakheni ozimele. Ukuqashwa koSekela kungesinye sezincomo zombiko wokugcina weKhomishini Yokuphenywa Kwamacala Okuphathwa Kwentela Nokubusa eyasungulwa uSARS eyayiholwa nguJaji Robert Nugent.

UKhomishana uKieswetter uthi: ***“Kuyangithokozisa ukuqashwa kwalaba bantu. OSekela Khomishana bazohlizeka ngosizo lokweseka ukuze kuqhubeke umsebenzi esiwuqale eminyakeni emi-4 eyedlule ohlelweni lokwakha kabusha. Ukuthuthukisa isithunzi sesikhungo nokubusa; ukunyusa isivinini ohambeni lwethu lokwenza isikhungo kube esesimanje; kanye nokwakha umthamo namandla ethu okwazi ukwenza umyalelo wethu. Njengabantu abalandela emva kukaKhomishana, oSekela Khomishana bazobambisana nesihlalo sobuholi baqinisekise ukuthi kugxilwa kakhulu ezindaweni ezithile ababekwe kuzo baphinde banyuse izinga lethu lokusebenza.”***

OSekela Khomishana yilaba:

### **1. Mnu Johnstone Makhubu – uSekela Khomishana: Taxpayer Engagement and Operations**

UMnu. Makhubu njengamanje uyisiKhulu Esiphezulu Semali Eqoqwayo kwaSARS kanti selokhu aqala ukusebenzela isikhungo kusukela ngonyaka wezi-2016. Wangena kwaSARS esuka kwa-Eskom ngoNhlangulana wezi-2016 esebenza njengesikhulu Esiphezulu Kwezokuthengwa kwezinsizakalo ngaphambi kokuba aqashwe njengesikhulu Esiphezulu Kwezezimali kowezi-2018. Emva kokuba uKhomishana uKieswetter engene esikhungweni, kwabe sekusungulwa isikhundla sesiKhulu Esiphezulu Semali Eqoqwayo, okwangena kuso uJohnstone kowezi-2020. Isipiliyoni sakhe kwaSARS sizombeka endaweni enhle esikhundleni sakhe esisha sokubheka ukusebenza okukhulu nokuyinkimbinkimbi kukaSARS ngenjongo yokunyusa izinga lokusebenza, ukwenza usizo lwabakhokhintela lube nobungoti, kanjalo nokuqhuba ukuthobela ngokuhambisana nenhlososunyakwaSARS.

UMnu. Makhubu uneziqu ze-*Bachelor of Science in Electrical Engineering* azithola eNyuvesi yaKwaZulu-Natal kanye neziqu ze-*Bachelor of Commerce* azithola e-Unisa. Useqede iziqu

ze-*Master's in Business Leadership* e-Unisa kanti futhi wenze nezifundo zohlelo lokuphatha esikhundleni esiphezulu (i-SMP) azenze e-Henley Business School. Kumanje uqedela izifundo zezobuholi i-PHD in Leadership eNyuvesi YasePitoli.

Indima kaMnu. Makhubu entsha ukubheka nokuqinisekisa ukusebenza kahle kwemisebenzi yansuku zonke ekuxhumaneni nabakhokhintela osizweni abaluhlinzekwayo kwezentela nasekulawulweni kwempahla emngceleni, kanjalo nokuphoqeelwa komthetho wezibophezelo zokuthobela imigomo kubahwebi nakubakhokhintela. Indima yakhe igxile ekuxhumaneni nabakhokhintela nabahwebi ukuqinisekisa ukuhlinzeka kanye/noma ukuxhumanisa lonke usizo lwentela nokulawulwa kwempahla emngceleni kanjalo nokusonjululwa kwayo yonke imibuzo emayelana nokusiza, ukusombulula lonke udaba lapho umkhokhintela ekhethelwe ukuba kwenziwe okunye okuthile mayelana nokuthobela kanjalo nokusonjululwa kwazo zonke izingxabano ezivuka ngenxa yomphumela wesimo sokuthobela. Uzophinda agxile kuyo yonke imisebenzi yokufinyelela ebantwini, yokuqwashisa, kanye nemisebenzi yokufinyelela kubantu eyeseka ukuthobela ngokuzithandela komkhokhintela kanjalo nokulawula nokwenza imisebenzi ehambisana nokuxhumana nokuxhumanisa nabakhokhintela.

## **2. Mnu Carl Scholtz – USekela Khomishana: Enterprise Strategy, Enablement and Modernisation**

UMnu. Scholtz unesipiliyoni esikhulu ekuthuthukisweni kwezinhlelo ezihamba phambili nokudidiyela, umklami wokwakiwa kanjalo nasezinhlelweni zokunjiniyela kabusha izinqubo zebhizinisi. Uthole isipiliyoni esikhulu ekusunguleni amasu ebhizinisi kanjalo nokwenza izinto eziguqula ibhizinisi ezikhundleni ayenazo emabhizinisini ehlukene kubandakanya i-Comair, SA Breweries, Pick 'n Pay Retailers kanye ne-Johannesburg Stock Exchange (JSE). UMnu Scholtz uke waphatha amaprojekthi amakhulu embonini yemisebenzi yezimali kanti futhi wayengumqondisi wohlelo e-JSE lapho ayenomthwalo wokusungula isisombululo se-*Integrated Trading and Clearing solution*, uhlelo olungumongo luka-R500 million olwaluzongena endaweni yolunye olubandakanya izinhlelo eziyi-18 ezehlukene eminyakeni emi-3.

Isipiliyoni sikaMnu. Scholtz sokusebenza simenza afaneleke ukuba aphaathe iphothifoliyo ye-enterprise strategy, enabling and modernisation endaweni lapho isikhungo silwela ukwakha Amandla kusayensi yemininingo nobusingabuhlakanifuthi silwela ukuqinisa amasu amasha kwezobchwepheshe ukuthuthukisa amasunhloso kaSARS uphinde ukwazi ukusebenza ngempumelelo ekwakheni uSARS osebenzisa ubuchwepheshe nowesimanje.

U-Carl uneziqu ze-*Bachelor and Honours degree in Electronic Engineering* azithola eNyuvesi yasePitoli, kanye neziqu ze-*Master's in Business Leadership* azithola e-UNISA Business School.

Indima yakhe njengeSekela Khomishana uzobheka aphinde aqinisekise intuthuko nokusatshalaliswa kwezindlela zokwenza isikhungo samanje endaweni yesayensi yemininingo, usingabuhlakani kanjalo nokuza namasu amasha kwezobuchwepheshe. Uzophinda abheke ukusebenza ngendlela kwezinhlelo ze-IT ezidingekayo ukuze zeseke inhlosou ekhethekile yakwaSARS kanjalo nokuphatha, ukugeleza kanye nesu lemininingo ukuze kufinyelele kokuphokophelwe uSARS ngebhizinisi nangezimali.

### **3. Ms Bridgitte Backman – Usekela Khomishana: Corporate and Enterprise Services**

Nksz. Backman umholi omnkatshubomvu oletha ubungcweti ezimbonini ezehlukile ezifana neZimali zeNtuthuko, Ezamandla (uwoyela negesi), Ukudla Neziphuzo, Ukuphathwa kwezokhetho, wasebenza ezikhundleni zokuphatha jikelele nasezikhundleni eziphezulu – Imisebenzi okwabelwana ngayo, izindaba zenkampani, Inqubomgomo kahulumeni, Ukusungula amasu amasha, Ezomthetho, Uchungechunge lokusabalalisa kanjalo nokuPhathwa wabantu.

Isipiliyoni sika-Bridgette esibonakalayo esokuphatha, nokudidiyela iminyango kumenza afaneleke kulesi sikhundla. Isipiliyoni sakhe sokwakha umbimbi ngaphakathi nangaphandle ukuze kuvuleke amasunhloso ebhizinisi, yiso esizombeka esikhundleni esiphezulu kwaSARS. Ukukhalipha kwakhe kusunhloso kumenze wakwazi ukushintsha isikhungo, iminyango ukuphasisa ukusebenza okuphelele, ukugxila kubantu nakunhloso njengesakhi sekusasa lesikhathi eside esikhungweni.

UBridgitte uneziqu ze-*BSc (Chemistry)* azithola eNyuvesi yaseKapa kanye neziqu ze-MBA azithola e-Rotterdam School of Management, eNetherlands kubandakanya ne-Exchange semester e-Haas Business School, University of California, Berkeley, USA. Uphinde wasebenza njengelungu lomkhandlu ku-*UN Global Compact*, eNingizimu Afrika. Njengamanje usebenza njenge-Senior Associate of the University of Cambridge Institute of Sustainability Leadership, aphinde abe yilokhu okwaziwa nge-Visiting Fellow e-Saïd Business School, University of Oxford.

NjengoSekela Khomishana, uzophatha ingxenye yeMisebenzi yesikhungo namabhizinisi ebhekenelele nokuhlizekwa kwemisebenzi yebhizinisi neyabelwanayo ngenhloso yokweseka lokhu okungumongo webhizinisi. Indima eyokubheka nokuqinisekisa ukuthi kukhona izindlela ezifanele nezinqubomgomo ezifanele ezihambisana nenhlososho, umbono kanye nemigomo yakwaSARS kanjalo nokusebenza ngempumelelo kwezezimali nokuphathwa kwezinsizakusebenza, abantu, ukubusa nobungozi, ukuphathwa kwababambiqhaza (izinhlobo zenkampani kanjalo nongoti), umthwalosibopho wenkampani emphakathini, ukubika ngokulwisana nenkohlakalo nesithunzi kanye nokusebenza kwebhizinisi.

UKhomishana uKieswetter wemukela bobathathu oSekela Khomishana kwaSARS futhi ukubheke ngabomvu ukusebenzisana nabo ekufezekiseni umbono wenhlososho lakwaSARS yokwakha uSARS osebenzisa ubuchwepheshe nowesimanje onesithunzi esingangabazeki, owethenjwayo noyisibonelo nofaka ukuthobela imigomo yentela neyokulawulwa kwempahla emngceleni ngokuzithandela.

Ngesikhathi ethatha izintambo zokuba nguKhomishana wakwaSARS kuNhlaba 2019, uKhomishana uKieswetter wenza uhlu olulandelayo lwezinto “okumele zibe yimpumelelo” kwa SARS:

1. Ukukhulisa isibalo sabantu abakhokha intela
2. Ukuthuthukisa ukuthobela ngokuzithandela kanye nokuba izakhamizi ezifaka imali
3. Ukusebenzisa izinsizakusebenza nemizamo ngendlela enobuhlakani ukuze kutholakale okukhulu kokuncane
4. Ukugcina ukusebenzisa okusemqoka kuhulumeni nakwababambiqhaza bakuleli nasemazweni omhlaba; kanye
5. Nokwakha isikhungo esinesithunzi esethenjwayo nesiyisibonelo.

Yize kunenqubekela phambili kukho konke lokhu okungenhla, uKhomishana uKieswetter ukubheke ngamehlo abomvu ukuthatha izinyathelo ezilandelayo eziya phambili ngegalelo loSekela Khomishana abathathu ukuba bahlanganise impumelelo futhi baqinise ukuqina kwesikhungo sikwazi ukusimama kunqubekela phambili nasekuzeni namasu amasha eminyakeni ezayo.

UKhomishana uKieswetter ulindele lukhulu koSekela Khomishana. Uphawule wathi: “**Alukho ubizo lomholi oludlula ubizo lokusebenza. Ngokwenza njalo, abantu umholi okumele**

***aphendule kubo abantu abasebenzelayo. Sifuna abaholi abaletha uzinzo kuzindima ezahlukene; abaholi abanobizo lokwakha izwe lethu; abaholi abanogqozi ngentela nokulawulwa kwempahla emngceleni. Abaholi abazokwazisa bakhulise labo ababaholayo. Kodwa okusemqoka kakhulu – abaholi abafisela abakhokhintela bethu imiphumela emihle.”***

UKhomishana uKieswetter wengeze ngokuthi ***“Ukuqashwa kuyingxenye nje yokungena esikhundleni. Ukungena esikhundleni kubandakanya imisebenzi eyenzeka emva kokuqashwa koSekela Khomishana – imisebenzi eyenzelwe ukunyusa amathuba empumelelo. Ngikubheke ngamehlo abomvu ukugquguzela leyo misebenzi.”***

Ngolwazi olwengeziwe sicela uxhumane ne [SARSMedia@sars.gov.za](mailto:SARSMedia@sars.gov.za)

IYAPHELA